



Relax and read!

Are you already saying, "I don't know where 2016 has gone!" as you plan all the things you want to do during the end-of-year holidays? After a busy year, it's good to know that you will be able to spend some time relaxing and being with family and friends.

Having more time to relax also means we have more time to spend with books. And the best thing is that while we're enjoying doing this, our children are benefitting too! When your children see you relaxing with a book, they learn that reading is something you do for pleasure. They learn that reading is something that can be done for leisure. And so, without even realising it, you are being a powerful reading role model for your children and helping them to become lifelong readers.

During the holiday season we often spend money on entertainment and gifts for our children. Don't forget to include a book or two on your shopping list. You can give a book as a Christmas gift or to celebrate another holiday. You could also buy a book about starting school for a child going to Grade R or 1 in 2017. Or you could give a book to show your children that you have noticed how hard they have tried to do something at home during the year, or how hard they have worked at school. When you give a book as a gift, you invest in the future of a child! You'll encourage them to read and give them hours of pleasure at the same time because good books can be enjoyed over and over again!

The holidays also mean that we have more time to spend with our children – and this is the real reward for them. We have time to spend reading their favourite stories with them, but also time to try out books by new authors together. We can read in places that we don't usually read, like under a tree during a picnic, or on the beach. We can change chore times into story times when we let a family member read aloud from their favourite book while others are preparing meals or cleaning up afterwards.

Whatever you do and wherever you are this holiday season, relax, read and have a fabulous story-filled holiday!

Phumula bese ufunda!

Ngabe sewuthi, "Angazi ukuthi ushonephi unyaka wezi-2016" lapho uhlela zonke izinto ofuna ukuzenza ngesikhathi samaholide okuphela konyaka? Ngemva konyaka ebekwenziwa okuningi kuwo, kumnandi ukwazi ukuthi uzokwazi ukuchitha isikhathi sokukhululeka nokuba nomndeni nabangani.

Ukuba nesikhathi esiningi sokuphumula kusho futhi nokuthi sinesikhathi esiningi sokusichitha nezincwadi. Futhi okuhle kakhulu ukuthi ngesikhathi sithokozela ukwenza lokhu, nezingane zethu zizobe zihlomula nazo! Lapho izingane zakho zikubona uphumula nencwadi, zifunda ukuthi ukufunda okubhaliwe kuyinto oyenza ukuzithokozisa. Ngakho-ke, ngaphandle kokukuqonda lokhu, uyisibonelo esihle esinamandla sokufunda sezingane zakho nokuzisiza ukuthi zibe abafundi impilo yazo yonke.

Ngesikhathi samaholide sivamise ukuchitha imali kwezikaqedisizungu kanye neziphos zezingane zethu. Ungakhohlwa ukufaka nencwadi noma ezimbili ohlwini lwakho lokuthenga. Ungaphana ngencwadi njengesipho sikaKhisimusi noma ukugubha elinye iholide. Nawe ungathenga incwadi emayelana nokuqala esikoleni sengane ezokwenza iBanga R noma eloku-1 ngowezi-2017. Noma unganekeza izingane zakho incwadi ukuze ukhombise ukuthi uqaphele ukuthi zizame kangakanani ukwenza okuthile ekhaya onyakeni, noma ukuthi zisebenze kanzima kangakanani esikoleni. Lapho uphana ngencwadi njengesipho, utshala okuthile esikhathini sekusasa lengane yakho! Uzoyikhuthaza ukuthi ifunde futhi uzoyinikeza amahora okuzithokozisa ngesikhathi esifanayo ngoba izincwadi ezinhle zingathokozelwa ziphinde zithokozelwe futhi!

Amaholide achaza futhi ukuthi sinesikhathi esengeziwe sokusichitha nezingane zethu – kanti futhi lokhu kungumklomelo wangempela kuzo. Siba nesikhathi esizosichitha sifunda izindaba abazithandayo sinabo, kodwa futhi yisikhathi sokuzama izincwadi ezintsha zababhali abasha sindawonye. Singafunda ezindaweni esingajwayele ukufundela kuzo, ezifana nangaphansi kwesihlahla ngesikhathi sepikiniki, noma ebhishi. Singashintsha izikhathi zokwenza umsebenzi zibe yizikhathi zendaba lapho sivumela ilungu lomndeni ukuthi lifunde kakhulu encwadini yalo eliyithandayo ngenkathi abanye bepheka noma behlanza indlu ngemva kwalokho.

Noma ngabe wenzani futhi noma ikuphi lapho ukhona ngalesi sikhathi samaholide, phumula, funda bese uba neholide elimnandi eligcwele izindaba!



Drive your
imagination

Story Power.

Anywhere. Anytime. Anyone.
Noma kuphi. Noma nini. Noma nobani.



20 fun holiday ideas



Amacebo angama-20 athokozisayo angesikhathi samaholide

Here are some activities that incorporate reading and writing to keep your children busy and entertained during the school holidays. The idea is to enjoy yourselves, so use the language/s you and your children feel most comfortable with.



Nansi eminye imisebenzi ehlanganisa ukufunda nokubhala ezogcina izingane zakho zimatasa futhi zingenasizungu ngesikhathi samaholide okuvalwa kwezikole. Inhloso ukuthi nizithokozise, ngakho-ke sebenzisani ulimi/izilimi wena nezingane zakho enizizwa nikhululeke kakhulu ngalo noma ngazo.

1 Try something new. Try reading a book or story written by an author whose books you've never read before. Or try reading a non-fiction book about a topic that is new to you.

1 Zama into entsha. Zama ukufunda incwadi noma indaba ebhalwe umbhali eningakaze nifunde izincwadi zakhe phambilini. Noma zama ukufunda incwadi enendaba eyiqiniso ngesihloko esisha kuwe.

2 Tweet a book. Invite your children to write a review of their favourite book using only 140 characters.

2 Thumela i-Tweet mayela nencwadi. Mema izingane zakho ukuthi zibhale zihlaziya incwadi eziyithandayo zisebenzisa izinhlamvu zamagama eziyi-140.

3 Make some puppets. Make a finger puppet for each of the characters in a story you all enjoy. Then retell the story together using the finger puppets ... and make up your own new story that includes some or all of them!

3 Yenza amanye amaphaphethi. Yenza iphaphethi yomunwe yomlingiswa ngamunye endabeni eniyithokozela nonke. Bese nixoxa indaba kabusha ndawonye nisebenzisa amaphaphethi eminwe ... bese wenza indaba yenu entsha ehlanganisa abanye babo noma bonke!

4 Can you find it? Sometimes during the holidays, we have to hang around and wait – like in the supermarket queue or at a restaurant. Keep your children from becoming bored by asking them to find different words or signs around them. For example, at a restaurant, you could ask them to find the name of the restaurant; a sign that has the word "please" on it; a sign that shows the way to the bathrooms; an "exit" sign; something on the menu that has a vegetable in it; something on the menu that is sweet; the list of things on the menu that you drink; something on the menu that they've never eaten before; and a dessert that does not have chocolate in it.

4 Ngabe ungakwazi ukukuthola? Ngesinye isikhathi ngamaholide, kumele sihlale, silinde – njengasemgqeni wasesuphamakethe noma erestorenti. Gcina izingane zakho zinezikwenzayo ngokuzicela ukuthi zithole amagama ahlukeni noma izimpawu ezahlukeni ezizungezile. Isibonelo, erestorenti, ungazicela ukuthi zithole igama lerestorenti, uphawu olunegama elithi "sicela" kulo, uphawu olukhombisa indlela eya ezindlini zangasese, uphawu oluthi "kuphunywa lapha", okuthile kumenyu okunemifino, okuthile kumenyu okunoshukela, uhlu lwezinto oziphuzayo kumenyu, okuthile okukumenyu abangakaze bakudla phambilini, kanye nedizethi engenawo ushokoledi.

5 Make cards. There are lots of special celebrations at the end of a year and the beginning of a new one that we can make cards for. Spend time together making greeting cards for the special people in your lives for one or more of these celebrations.

5 Yenzani amakhadi. Miningi imigubho ekhethekile ekupheleni konyaka nasekuqaleni komusha esingayenzela amakhadi. Chithani isikhathi ndawonye nenza amakhadi ezilokotho ezinhle abantu abakhethekile ezimpilweni zenu omgubho noma eminingi yale migubho.

6 Add some words. Choose a wordless picture book with your children and then challenge them to use the pictures to make up as many different stories as they can!

6 Yengeza amagama athile. Khetha incwadi enezithombe engenamagama nezingane zakho bese uziphosela inselele yokuthi zisebenzise izithombe ukuze zakhe izindaba eziningi ngendlela ezingakwazi ukwenza ngayo!

7 Read a story anywhere. Enjoy stories in your home language on your cellphone by going to the Nalibali mobisite: www.nalibali.mobi.

7 Funda indaba noma ikuphi. Thokozela izindaba ngolimi lwakho lwasekhaya kumakhalekhukhwini wakho ngokuya ku-mobisite yakwaNalibali ku-www.nalibali.mobi.

8 Tell them you love them. Invite your children to write down three things that they like and appreciate about a family member or a friend – and then give the note to that person to keep!

8 Batshele ukuthi uyabathanda. Mema izingane zakho ukuthi zibhale phansi izinto ezintathu eziyithandayo nezizazisayo ngelungu lomndeni noma ngomngani – bese unikeza lowo muntu lokho okubhaliwe ukuze akugcine!

9 From letters to words. When you are on a road trip or stuck in traffic, keep your children entertained by asking them to think of a word that begins with each of the letters on another vehicle's registration plate – and then trying to use as many of these words as possible in one sentence!

9 Kusuka ezinhlamvini kuye emagameni. Lapho usendleleni uthatha uhambo noma ubambeke esiminyaminyeni sezimoto emgwaqweni, gcina izingane zakho zithokozile ngokuzicela ukuthi zicabange igama eliqala ngohlamvu ngalunye oqwenjaneni lokubhaliswa kwenye imoto – bese zizama ukusebenzisa amaningi kula magama ngendlela okungenzeka ngayo emushweni owodwa!

10 Create a story wheel. On the largest sheet of paper you can find, draw a large circle and then divide it into six equal segments – like an orange. Decide who will start off the story. Ask this person to write the beginning of the story in one of the circle segments – it doesn't matter which segment they write in. (They could also draw a picture, if they are not able to write or if they only want to write a few words.) Then someone else writes the next part of the story in the circle segment to the right of where the story was started. Carry on writing the story in the circle segments, until it is finished. Don't forget to decide together on a suitable title for your story and then enjoy reading it together.

10 Yakha isondo lezindaba. Ephepheni elikhulu ongakwazi ukuliithola, dweba indilinga bese uyihlukanisa izigaba eziyisithupha ezilinganayo – njengewolintshi. Nqumani ukuthi ubani ozoqala indaba. Celani lo muntu ukuthi aqale indaba kwesinye sezigaba zendilinga – akunandaba ukuthi ubhala kusiphi isigaba. (Angadweba isithombe, uma engakwazi ukubhala noma uma efuna ukubhala amagama ambalwa.) Bese omunye umuntu ebhala ingxenye elandelayo yendaba esigabeni sendilinga kwesokudla kwalapho kuqale khona indaba. Qhubekani nokubhala indaba ezigabeni zendilinga, ize iphele. Ningakhohlwa ukuthatha isinqumo ngesihloko esifanele sendaba yenu bese nithokozela ukuyifunda ndawonye.

11 Design a cover. Invite your children to design a new book cover for their favourite storybook so that it reflects their understanding and love of the story.

11 Dizayina ikhava. Mema izingane zakho ukuthi zidizayine ikhava yencwadi entsha yezindaba eziyithandayo ukuze ikhombise ukuqonda kwazo kanye nothando lwazo lwendaba.

12 Have a word hunt. Find the names of people, places or your favourite food in a newspaper or magazine.

12 Cingani amagama. Thola amagama abantu, ezindawo noma okudla okuthandayo ephephandabeni noma ephephabhukwini.



13 Make an alphabet book. Do this with your younger children or invite your older children to make one for a younger sibling or baby you know. Write each letter of the alphabet on a separate sheet of paper. Then draw or find pictures of familiar things for each letter, for example, an Aloe or aardvark for "A".



13 Yenza incwadi ye-alfabhethi. Yenza lokhu nezingane zakho ezincane noma umeme izingane zakho ezindadlana ukuthi zenzele lokhu ingane yakwabo encane noma umntwana omncane enimaziyo. Bhalani uhlamvu ngalunye lwe-alfabhethi ephepheni elihamba lodwa. Bese nidweba noma nithole izithombe zezinto ezijwayelekile zohlamvu lwegama ngalunye, isibonelo, Apula noma Anyanisi ku-"A".

14 Create an instant book club. Set aside some time each week over the holidays to talk to family members and/or friends about books you are reading or have enjoyed. Include everyone – from young children to grannies and grandpas in the discussion.

14 Yenza ithimba lokufunda langaleso sikhathi. Beka isikhathi esithile njalo ngesonto ngamaholide ukuze uxoxe namalungu omndeni kanye/ noma nabangani mayelana nezincwadi ozifundayo noma ozithokozele. Bandakanya wonke umuntu – kusukela ezinganeni ezincane ukuya kogogo nomkhulu ezingxoxweni.

15 Play book games. Think of games to play like "story charades". In this game, you work in pairs or larger teams to mime a scene from a story everyone knows and then the other teams guess the name of the story. Or, let each of you draw your favourite book character and ask everyone else to guess who it is within 30 seconds.



15 Dlala umdlalo wencwadi. Cabanga ngemidlalo enizoyidlala efana ne-"story charades". Kulo mdlalo, nisebenza ngababili noma ngamathimba amakhulu ukuze nilingise isiqephu esithile sasendabeni eyaziwa yibo bonke abantu, bese amanye amathimba eqagela ukuthi yini igama lendaba. Noma, vumela umuntu ngamunye kini ukuthi adwebe umlingiswa amthandayo wasendabeni bese ucela bonke abanye abantu ukuthi baqagele ukuthi ubani kungakapheli imizuzwana engama-30.

16 Put it on a list. Lists help us to remember things and to organise ourselves! Encourage your children to write a list of the things they would like to do during the holidays and let them tick them off as they do them. Or, suggest that after New Year, they write a list of the things they need in order to prepare themselves for the start of the new school year.

16 Kufake ohlwini. Uhlu lusisiza ukuthi sikhumbule izinto nokuthi sihleleke! Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale uhlu lwezinto ezingathanda ukuzenza ngesikhathi samaholide bese uzivumela ukuthi zibeke uqhushu kuzo ngesikhathi zizenza. Noma, wenze isiphakamiso sokuthi ngemva kukaNcibijana, zibhale uhlu lwezinto ezizidingayo ukuze zizilungisele ukuqala konyaka wesikole omusha.



17 Record your memories. Together draw pictures, use photographs, cut out words from newspapers and magazines, and add your own words to create a poster that is called: **Our family memories from 2016.**

17 Bhala okuyinkumbulo kuwe. Dwebani izithombe, sebenzisani izithombe, sikani nikhiphe amagama emaphephandabeni kanye nasemaphephabhukwini bese nengeza amagama enu ukuze nakhe iphosta ebizwa ngokuthi: **Lokho okuyinkumbulo yomndeni wethu yowezi-2016.**



18 Act it out. Choose a well-loved story with exciting characters and a strong story line. With your children, write down what each character says and let them choose who they want to be! Provide props like pieces of fabric, hats, shoes or clothes and act out the story.



18 Kulingise. Sebenzisa indaba ethandwa kakhulu enabalingiswa abahlaba umxhwele kanye nokulandelana kwezinto okugqamile. Unezingane zakho, bhala phansi lokho okushiwo umlingiswa ngamunye bese uzivumela ukuthi zikhethe ukuthi zona zifuna ukuba ngubani! Hlinzeka ngezinsiza ezisebenza uma kulingiswa ezifana neziqephu zezindwangu, izigqoko, izicathulo noma izingubo bese nilingisa indaba.

19 Create a menu. Ask your children to imagine that they have invited their favourite storybook characters to lunch or for tea. Together write a menu of what you will offer them to eat and drink.

19 Yenza imenyu. Cela izingane zakho ukuthi zizicabange zimeme abalingiswa bazo ezibathandayo basencwadini yezindaba esidlweni sasemini noma ukuthi bazophuza ityiye. Bhalani ndawonye imenyu yalokho enizobanikeza khona ukuthi bakudle futhi bakuphuze.

20 Make bookworm bookmarks. Cut a worm shape of about 15 cm long from some cardboard and paint it on both sides. (Instead of buying cardboard, use an old cereal or biscuit box!) Once the paint has dried, use a Koki to add eyes and a mouth. Then make a hole in the worm's tail and attach a piece of wool so that it will hang out of a book when your bookmark is used. Give the bookmarks as gifts, or keep them to use at home!



20 Yenza ama-bookmark amasongololo. Sika isimo sesongololo esingaba ngamasentimitha ayi-15 ubude ekhadibhodini elithile bese ulipenda nhlangothi zombili. (Esikhundleni sokuthenga ikhadibhodi, sebenzisa ibhokisi elidala lesiriyeli noma lamabhisikidi!) Uma upende sewomile, sebenzisa ikhokhi ukuze wengeze amehlo nomlomo. Bese wenza imbobo emsileni wesongololo, ufake isiqephu sewuli ukuze silenge uma i-bookmark yakho isetshenziswa. Phisana ngama-bookmark njengezipho, noma uwagcinele ukuwasebenzisa ekhaya!

NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

Ikwewezi FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

Lesedi FM on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

Ligwalagwala FM on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

Munghana Lonene FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

Phalaphala FM on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

RSG on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

Thobela FM on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

Ukhozi FM on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

Umhlobo Wenene FM on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

X-K FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali!

Ku-Ikwewezi FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

KuLesedi FM ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

KuLigwalagwala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuMunghana Lonene FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

KuPhalaphala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

KuRSG ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuSAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

KuThobela FM ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

KuUkhozi FM ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

KuUmhlobo Wenene FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

KuX-K FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni





Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *Amazing Daisy!*, (pages 5, 6, 11 and 12) and *Zama and the clean-enough-stuff* (pages 7, 8, 9 and 10), as well as the Story Corner story, *The best, best friend* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

Amazing Daisy!

This is a story about believing in yourself and following your dreams. It is about a chicken, Daisy, who wants to be able to fly high up in the sky.



Discuss these questions with your children.

- ☉ In the beginning the other chickens said Daisy was weird to want to fly high into the sky. Do you think she was weird to want to do this? Why/why not?
- ☉ Why do you think Daisy kept trying to fly high even when she wasn't yet able to and the others kept telling her she wouldn't be able to fly high?
- ☉ Daisy learnt to fly high. What else do you think she learnt?



Together write down something you would like to ask or say to the other chickens in the story, to Mama and to Daisy.



Can you make up another title for this story?



Invite your children to think about something they would really like to be able to do when they grow up. Then suggest that they draw a picture like the one on page 5 of the story, to show themselves now and themselves as an adult doing the thing they thought of.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *UDaisy oyisimanga!*, (ikhasi lesi-5, lesi-6, le-11 nele-12), kanye nethi *UZama nezinto ezihlanzeke ngokwanele* (ikhasi lesi-7, lesi-8, lesi-9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lezindaba ethi *Umngani omkhulu ukudlula bonke* (ikhasi le-15). Khetha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

UDaisy oyisimanga!

Le indaba emayelana nokukholelwa kwakho kuwe nokulandela amaphupho akho. Imayelana nenkukhu, uDaisy, ofuna ukwazi ukundiza aye phezulu esibhakabhakeni.

Xoxa ngale mibuzo nezingane zakho.

- ☉ Ekuqaleni ezinye izinkukhu zazithi uDaisy uyabheda ngokufuna ukundiza aye phezulu esibhakabhakeni. Ngabe ucabanga ukuthi uyabheda ngokufuna kwakhe ukwenza lokhu? Kungani uvuma/uphika?
- ☉ Ucabanga ukuthi kungani uDaisy wayelokhu ephikelele ukundiza aye phezulu noma wayengakakwazi ukwenza lokho futhi noma abanye babemtshelela ukuthi ngeke akwazi ukundiza aye phezulu?
- ☉ UDaisy wafunda ukundiza aye phezulu. Ngabe ucabanga ukuthi wafunda nani enye?



Ndawonye bhalani okuthile eningathanda ukukubiza noma ukukusho kwezinye izinkukhu ezisendabeni, nakuMama nakuDaisy.



Ngabe ungayinika le ndaba esinye isihloko?



Mema izingane zakho ukuthi zicabange ngokuthile ezingathanda ngempela ukwazi ukukwenza uma sezikhulile. Bese uphakamisa ukuthi zidweba isithombe esifana naleso esisekhasini lesi-5 lendaba, ukuze zikhombise ukuthi zinjani manje ziphinde ziziveze njengabantu abadala abenza izinto ezizicabangile.

Zama and the clean-enough-stuff

In this story, when things don't turn out as the Grade 6 teacher, Mrs Dlamini, had planned, Zama is able to persuade her and the rest of the class to join in with her good idea.



Discuss the following questions with your children.

- ☉ Zama is really good at solving problems! Can you think of all the different problems she solved in the story?
- ☉ Do you think problem solving is a useful skill? How could you use it in your life?
- ☉ Can you think of other solutions to the problem of the papier-mâché that didn't work?



Suggest that your children use waste materials to create puppets and then make up stories about them.



UZama nezinto ezihlanzeke ngokwanele

Kule ndaba, izinto azihambi kahle njengalokho uthisha weBanga lesi-6, uNkk Dlamini, ebehlile, uZama uyakwazi ukumnxexxa kanye neklasi lonke ukuthi bahlanganyele naye ecebeni lakhe elihle.

Xoxa ngale mibuzo nezingane zakho.

- ☉ UZama muhle kakhulu ekuxazululeni izinkinga! Ngabe ungakwazi ukucabanga ngezinkinga ezahlukene azisombulule endabeni?
- ☉ Ngabe ucabanga ukuthi ukuxazulula izinkinga kuyikhono eliwusizo? Ungalisebenzisa kanjani empilweni yakho?
- ☉ Ngabe ungacabanga ngezinye izisombululo zenkinga zenhlama ye-papier-mâché engazange isebenze?



Phakamisa ukuthi izingane zakho zisebenzise imfucuza ukuze zizakhele amaphaphethi bese zenza izindaba ngawo.

The best, best friend

Layla and Shireen are best friends, but Shireen always has to be the best at everything – and this almost ruins their friendship.



This story provides lots of opportunities to talk about friendship and what it means to be a good friend. Discuss with your children the ways in which Layla is a good friend to Shireen and how Shireen sometimes takes advantage of this.



Draw a picture for a part of the story that interests you, but that is not already illustrated.



Make your own puzzle! Cut a picture out of a magazine or newspaper – or draw your own. Glue the picture onto a piece of cardboard and draw lines on it to divide it into the number of pieces you want your puzzle to have. Now cut along the lines. Mix up the pieces and build your puzzle or give it to a friend to build.



Umngani omkhulu ukudlula bonke

ULayla noShireen bangabangani abakhulu, kodwa kumele njalo nje uShireen abe ngophambili kuyo yonke into – kanti-ke lokhu kucishe kuqede ubuhlobo babo.



Le ndaba iveza amathuba amaningi okuxoxa ngobungani nokuthi kuchaza ukuthini ukuba ngumngani omuhle. Xoxa nezingane ngezindlela uLayla angumngani omuhle ngazo kuShireen nokuthi uShireen umxhaphaza kanjani ngesinye isikhathi.



Dweba isithombe sengxenye yendaba ekuhlaba umxhwele, kodwa engadwetshelwanga mifanekiso.



Yakha iphazili yakho! Sika isithombe usikhiphe ephephabhukwini noma ephephandabeni – noma dweba esakho. Namathisela isithombe ngegulu ocezwini lwekhalibhothi bese udweba imigqa kulo ukuze ulehlukanise libe yinani lezingcezu ongathanda ukuthi iphazili yakho ibe nazo. Manje sika ulandele imigqa. Hlanganisa izingcezu bese wakha iphazili yakho noma uyinike umngani ukuthi ayakhe.

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina


1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your
imagination

The following day Daisy climbed to the top of the chicken coop and – flap, flap, flap – she flapped her wings. She flew into the air and flapped her wings ... and flapped her wings and ...

Ngosuku olulandelayo uDaisy wagibela phezu kwehloko lezinkukhu wase – bhaku, bhaku, bhaku – eshaya amaphiko akhe. Wandizela emoyeni wase eshaya amaphiko akhe ... wase eshaya amaphiko akhe ... wase eshaya amaphiko akhe wase ...



We believe every child should own a hundred books by the age of five.

Become a book-sponsor and help change the world.

Get involved at
bookdash.org



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi




Amazing Daisy!
Daisy oyisimanga!




Nozizwe Herero
Siya Masuku
Leona Ingram

“Angeke ngikwazi ukundiza!” kukhala uDaisy
kuMama. “Ziqinisele ezinye izinkukhu.”
“Daisy, uhluke kwezinye izinkukhu. Azifuni
ukundiza, kodwa wena uyafuna! Ungakwazi,”
kusho uMama.



“I’m never going to fly!” Daisy cried to Mama.
“The others are right.”
“Daisy, you are different from the other chickens.
They don’t want to fly, but you do! You can do it,”
Mama said.

Once upon a time on a little farm near a little village,
there lived a little chicken called Daisy.



Kwesukasukela, epulazini elincane eliseduze
nasemzini omncane, kwakuhlala khona ichwane
lenkukhu elibizwa ngoDaisy.



The other chickens laughed out loud. “Ha, ha, ha!
We told you! Chickens can’t fly!”
Ezinye izinkukhu zahleka kakuhle. “Ha, ha, ha!
Sikutshelele! Izinkukhu azikwazi ukundiza!”



And the other chickens wanted to be just like her.
They said, “Oh Daisy, you’re amazing!”

Kanti ezinye izinkukhu zazifuna ukuba njengaye.
Zathi, “O, Daisy, uyisimanga!”

“Bengazi! Isikole siyinto engenamsbenzi! Akukho lutho olumnandi oluke lwenzeke khona,” kububula uLindiwe. Uzama wabona ukuthi uNk Dlamini ukuzwile lokhu. Wabona amehlo kaNk Dlamini edangala. Kusenjalo, uZama waba nesu elihlakaniphile. Waphakamisela isandla phezulu ngokushesha, eyaluzisa iminwe yakhe. UNk Dlamini wathi, “Yebo, khuluma usheshe Zama! Kumele sihlanze lokhu kungcola.” “Kodwa, ngiyacela bandle! Sisenakwenza lokhu,” kusho uZama. “Singasbenzisa lezi zinto ezilahle ezaleni elingezansi komgwaqo. Sicele usiyise khona. Singenza abalingiswa ngazo. Bazokwehluka bona, kodwa bazosbenza kahle njengamaphaphethi enhlamba!” Izingane zaba nescasasa. UTebogo weseka uZama. “Yebo – ihle isu likaZama. Singabhekisa nasekhaya izinto esingazisbenzisa.”

Ekuqaleni uNk Dlamini wabukeka enokungabaza ngalokhu, kodwa wathi uma ebona indlela izingane ezinesasasa ngayo, wathi, “Ake ngiyocela kuthishomkhulu.”

“I knew it! School’s always useless! Nothing interesting ever happens,” Lindiwe muttered.


Zama saw that Mrs Dlamini had heard this. She saw the sparkle leave Mrs Dlamini’s eyes.

Suddenly, Zama had a brilliant idea. She shot her hand into the air, waving her fingers. Mrs Dlamini said, “Yes, be quick, Zama! We must tidy this mess away.”

“But, please! We can still do this,” said Zama. “We can use that stuff dumped in the field down the road. Please take us. We can make characters from that. They will be different, but they will work just as well as the mushy puppets!”

The children brightened. Tebogo supported Zama. “Yes – Zama’s idea is great. We can also look at home for things to use.”

At first Mrs Dlamini looked a little unsure, but when she saw how excited the children were, she said, “Let me just go check with the principal.”



This story comes from *Stories that Talk 2*, Heartlines’ second collection of stories about values. For more information please email orders@heartlines.org.za or phone (011) 771 2540.

HEARTLINES
The Centre for Values Promotion

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

Zama and the clean-enough-stuff
Uzama nezinto ezihlanzeke ngokuwane



Fiona Jackson
Diek Grobler



“STOP THAT!” Something stung Zama’s neck. She swung round and saw Tebogo grinning at her. “Stop that!” she hissed.

But at least it was a distraction. School was so boring sometimes. Reading was great. Meeting school friends was fun. Swapping funny jokes and teasing boys was fantastic. But most lessons were boring.

Zama turned away from Tebogo to listen to Mrs Dlamini, who was saying, “... collect your papier-mâché. One tub per group. Go outside and make a puppet of an interesting person. Then each group must plan a show. Introduce your characters. Make them say and do things. Work out a short play. Okay, Zama, Lindiwe and Tebogo, you are Group 1. Come.”



Three weeks later, they held their show in front of all the Grade 6 classes, their teachers and the principal. Zama made Booth kick a soccer ball right through Mama Khulu’s window! Lindiwe made Mama Khulu chase him, shouting, all the way down the street. Tebogo had Nkosikazi Khuzwayo praising Booths “shooting” skills to the skies. Everyone laughed.

Mrs Dlamini walked to the front of the hall. With an enormous smile, she said, “You children are just wonderful! Zama, thanks so much for keeping our project fresh and for teaching us that wonderful opportunities can grow out of disasters!”

Emva kwamasonto amathathu, baba nombukiso wabo phambi kwawo wonke amaklazi eBanga lesi-6, othisha babo kanye nothishomkhulu. UZama wenza ukuthi uBooth akhahlele ibhola libhodloze ifasitela likaMama uKhulu! ULindiwe wenza ukuthi uMama uKhulu amjahe, emthethisa, ehla njalo ngomgwaqo. UTebogo wenza ukuthi uNkosikazi Khuzwayo abongele ikhono likaBooth lokukhahlela ibhola lishone esibhakabhakeni. Kwahleka wonke umuntu.

UNkk Dlamini wahamba waya phambi kwehholo. Ngokumamatheka okukhulu, wathi, “Niyizingane ezinhle ngempela! Zama, siyabonga ngokugcina kwakho iphrojekthi yethu iyintsha kanye nokusifundisa ngamathuba amahle angaphuma enhlekeleleni!”

She came back smiling. The children cheered. In the field they picked out clean-enough-stuff. They held bottles to the sunlight. They flapped bubble wrap like wings. They pulled out pieces of old sack, plastic and cloth. They jingled bottle caps. They tugged at pieces of string and old cables. They chatted and laughed as they imagined the waste changing into crowds of funny, strong, scary, wonderful characters.

Wabuya emamatheka. Izingane zachwaza ngenjabulo. Ezaleni bacosha izinto ezazihlanzeke ngokwanele. Baphakamisa amabhodlela elangeni. Bashaya i-bubble wrap njengamaphiko. Bakhupha izigphu zamasaka amadala, oplastiki kanye nendwangu. Bakhalisa izivalo zamabhodlela. Badonsa izingamu zezintambo kanye namakheyibuli amadala. Baxoxa base behleka lapho becabanga ngemfucuzo seyshintsha iba yizihlwile zabalingswa abahlekisayo, abanamandla, abesabekayo, abahle.

Bacindezela. Bakhuhla. Bagingqa. Kodwa yayinganamatheli. Yayiya isuka ocingweni, kancane, kudabukise. Bazama futhi. Baphinde bazama futhi. “Angikwazi ukwenza lokhu. Akwenzeki. Wubuwula lobu. Ngikhathale yikho?” kugawuma uTebogo. Wabhekisa iminwe yakhe phezu ngenxa yokudikibala. Enye inhlama yandiza yase inamathela eshinyeni likaZama. UZama wabuka uTebogo kabi. “Ngisayobiza uNkk uDlamini,” kusho uLindiwe wase esuka egyima. Wonke umuntu wayengakwazi ukusebenza ngenhlama yakhe. Umsindo okhombisa intukuthelo nokudikibala wagcwa emoyeni. UZama wabona uNkk Dlamini eza ngakubo. Wayebukeka edangele. Lapho kuqala isifundo, uNkosikazi Dlamini ubenomdlandla. Manje wayesebukeka njengebhelunde eliphelwa umoya kancane, kancane. UZama wamadabukela uNkosikazi Dlamini. Wayemthanda lo thisha. Ngelikhathi kudingeka ukuthi uZama anakekele ubaba wakhe ogulayo, uNkk Dlamini wayemenzele umusa. Wayethumela uZama umsebenzi ekhayu, futhi wayemkhuthaza nokuthi aqhubeke. UNkk Dlamini washaya izandla zakhe ukuze ababize. “Ngixoxisa, bantwana. Angazi ukuthi kungani le nhlama ingasebenzi. Ngityaqala ukuyenza. Kuzomele ngibheke itesiphi. Kodwa-ke okwamanje, velani nichaze abantu benu ezincwadini zenu.” Izingane zagawuma. Sezibuyela ezincwadi ezindala ezingahlabi umxhwele!



Tebogo tried to work with the string and the stocking, but it drove him crazy! Then he saw a cooldrink bottle with a tennis ball next to it. The ball had a hole in it. He jammed the ball on top of the bottle for a head. Some bubble wrap made a cloak. He collected wire and took it home. His uncle helped him hammer holes in the middle of bottle tops which he then threaded onto the wire. He tied the bottle tops around the middle of the bottle. He unravelled string and glued it to the head, adding some small beads to the ends. Then he proudly presented imbongi Nkosikazi Khuzwayo!

UTebogo wazama ukusebenza ngentambo nesitokhini, kodwa kwavele kwamsanganisa. Wase ebona ibhodlela lesiphuzo esibandayo elinebhola lomphebezo eduze kwalo.

Ibhola lalinembobo. Washiqela ibhola ebhodleleni ukuze enze ikhanda. Enye *i-bubble wrap* encane yenza isambatho.

Wacosha izingcingo waya nazo ekhaya.

Umalume wakhe wamsiza ukubhoboza izimbobo phakathi kwezivalo zamabhodlela abe esezishutheka ocingweni. Wabophela izivalo zamabhodlela phakathi nebhodlela. Waqaqa intambo wase eyinamathisela ekhanda, engeza ubuhlalu obuncane ekugcineni. Wase ethula ngokuziqhenya imbongi enguNkk Khuzwayo!

They pressed. They rubbed. They rolled. But it would not stick. It dripped off the wire, slowly, sadly. They tried again. And again.

“I can’t do this. It’s not working. This is so stupid. I’m sick of it!” Tebogo growled. He flicked his fingers in frustration. Some paste flew off his hand and stuck to Zama’s eyebrow. Zama flashed Tebogo an angry look. “I’m getting Mrs Dlamini!” Lindiwe said and ran off. Everyone was struggling with their paste. Sounds of anger and frustration filled the air. Zama saw Mrs Dlamini walking towards them. She looked sad. When the lesson started, Mrs Dlamini had been full of energy. Now she looked like a balloon with the air puffing slowly out of it. Zama felt bad for Mrs Dlamini. She liked this teacher. When Zama had had to nurse her sick father, Mrs Dlamini had been very kind to her. She had sent work home for Zama and had encouraged her to keep going.

Mrs Dlamini clapped her hands to call them. “I am sorry, children. I do not know why the paste isn’t working. Making it is new to me. I will have to check the recipe. But for now, just describe your people in your books.” The children groaned. Back to boring old books!




“YEKA LE NTO OYENZAYO!”

Kukhona into eyatinyela umqala kaZama. Waphenduka wase ebona uTebogo emsinekela. “Yeka le nto oyenzayo!” kusho yena ngokufutheka.

Okungenani kwakuyinto yokumphazamisa. Kwakuphinde kube nesithukuthezi esikoleni ngesinye isikhathi. Kwakumnandi ukufunda. Ukuhlangana nabangani basesikoleni kwakumnandi. Ukwabelana ngamahlaya ahlekisayo kanye nokugcona abafana kwakumnandi kakhulu. Kodwa izifundo eziningi zazingavusi mdlandla.

UZama waphenduka ekubukeni uTebogo ukuze alalele uNkk Dlamini, owayethi, “... thathani *i-papier-mâché* yenu. Indishi eyodwa eqenjini ngalinye. Niye ngaphandle bese nenza iphaphethi yomuntu ogqame ngokuthile. Bese iqembu ngalinye lihlela umbukiso. Yethulani abalingiswa benu. Benzeni basho babuye benze izinto. Lungisani umdlalo weshashalazi omfushane. Kulungile, Zama, Lindiwe noTebogo, Niyiqembu loku-1. Wozani.”





They dipped their hands into their tub and scooped up the paste. It felt sticky and messy! They put it onto the wire.

“Who are you making?” Zama asked Lindiwe.

“Mama Khulu! She is soooo big! And soooo strong. When any of the guys gets cheeky with her at her place, she shouts at them loudly. Then they shut up. They know! Give her trouble and she will whip out her sjambok and chase you away! I will make her with her hands on her hips, like this.”

They all hurried outside and were keen to start. They bent bits of chicken wire to make skeletons.

“It is papier-mâché,” Mrs Dlamini said. “To make it you mash up egg boxes, water, salt and flour. Now go outside and shape the chicken wire into your character. Then paste this goo around the chicken wire to bring your character to life.”

“What’s this?” Tebogo asked.

They went up to the bucket, where Mrs Dlamini was smiling warmly as she plopped a spoonful of lumpy goo into their tub.

“He’s not that kind of killer! He is a Bafana Bafana defender,” Zama laughed.

“Who is Booth? I don’t want to make up a murder story!” said Lindiwe.

Zama took Lindiwe’s hand. “Come, quickly. Isn’t this good? I am going to make Booth. My uncle says he’s a killer. He’s done amazing things.”

Uzama wabamba isandla sikal’indwe: “Woza, ngokushesha. Ngabe akukuhle yini lokhu? Ngzokwenza uBooth. Umalume wami uthi ungumbulali. Wenze izinto ezimangazayo.”

“Ubani uBooth? Angifuni ukwenza indaba ephathelene nokubulala!” kusho uLindiwe.

“Akasilo lolu hlobo lombulali! Ungumbulali wasemuva weBafana Bafana,” kuhlaka uZama.

Baye ebhakedeni, lapho uNk Dlamini ayeqamathel’ke khona lapho ethela isipuni esigcwele sesigaxa senhlama ezindishini zabo.

“Yini le?” kubuza uTebogo.


“Yi-papier-mâché,” kusho uNk Dlamini. “Ukuze uyenze ugaya amabhokisi amaqanda, uxube namanzi, usawoti kanye noflawa. Manje yanini ngaphandle bese nenza isimo esithile ngocingo ukuze nenze umlingiswa wenu aphile.”

Bonke bashesha baphumela ngaphandle futhi babengasakawazi ukulinda ukuthi bagale. Bagobisa izingamu zezingcingo ukuze benze isimo somuntu.

“Ubani lona omenzayo?” kubuza uZama kuLindiwe.

“Ulama uKhulu! Mkhulu-u-u-lu ngale ndlela! Futhi unamandla kakhu-u-u-lu. Uma kukhona abesilisa abazama ukumdedela endlini yakhe, ubathethisa ngezwi eliphhakeme. Bese beyathula du. Bayazi!

Uma umenza inkanga udonsa imvubu yakhe bese ekujahla ngayo! Ngizomenza abambel’ele edanda, kanjena.” Bafaka izandla zabo ezindishini zabo base bekhona inhlama. Yayizwakala inamfuka futhi ixathukal’ Bayifaka ocingweni.




Back at school, Zama spiralled brown string round and round for the head and chest. She wound fattier rope over and over for the head and chest. She made muscled arms and legs. Later, at home, her granny found small scraps of yellow and green cloth. She helped Zama make Booth’s Bafana soccer kit.

Sebebuyele esikoleni, uZama wazungezisa intambo ensundu waphinde wayizungezisa futhi esimweni sakhe esivuhlaka olude locingo. Wazungezisa intambo eth’ ukuba nkulu waphindlela ekhanda nasēsifubeni. Wenza izingalo nemilenze enezicubu. Makhathaleni, ekhaya, ugo go wakhe wathola iziqephu zendwangu enombala ophuzi noluhlaza okotshani. Wasiza uZama ukuthi enze ijazi lebhola likaBooth leBafana.

Lindiwe tied sticks together for Mama Khulu’s skeleton – they were smooth, curved and strong. She tied two old, scratched marbles into some stocking and wound them onto the chest stick. They became big, bouncy breasts. She put a round pebble inside another piece of stocking. Around it she twirled more old stocking, making the head. Then she squashed some bubble wrap into small balls. She balanced these carefully on the upper sides of the leg sticks to make hips. She wound more stocking around the hips. When she had finished, her figure looked just like Mama Khulu! Curvy, sturdy, strong!

ULindiwe wabopha ndawonye izinti ukuze enze uhlaka lwamathambo azoba yisimo somuntu sikaMama uKhulu – izinti zazibushelelezi, zigobile futhi ziqinile. Wabophela izimabuli ezimbili, ezindala ezikuhlekile kusitokhini wase ekubophela othini oluyisifuba. Zaba amabele amakhulu, anyakazayo. Wafaka itshe eliyimbulunga phakathi kwesinye isitokhini. Wazungezisa kulo esinye isiqephu sesitokhini esenza ikhanda. Wase epitshiza i-bubble wrap wayenza amabhola amancane. Wase ebeka lokhu ngokucophelela maphezulwana nemilenze ukuze enze izinqulu. Wase ezungezisa esinye isitokhini ezinqulwini. Uma eseqedile isimo sakhe somuntu sasibukeka njengoMama uKhulu! Siyisisudla esiqinile futhi esinamandla!



But the next day Daisy climbed even higher, right up to the top of the rondavel. Flap, flap, flap – Daisy flapped her wings.

Kodwa ngosuku olulandelayo uDaisy waphinde wenyukela phezulu, wafika esicongweni sendlu. Bhaku, bhaku, bhaku – uDaisy eshaya amaphiko akhe.



She would lift off the ground, but fall down again.

Wayesuka phansi, kodwa aphinde awe futhi.



So ... Flap, flap, flap – every day Daisy would flap her wings.

Ngakho-ke ... bhaku, bhaku, bhaku – uDaisy wayeshaya amaphiko akhe nsuku zonke.



“When I grow up, I want to fly high into the sky,” Daisy said.

“Lapho sengikhulile, ngifuna ukundiza ngiye phezulu esibhakabhakeni,” kusho uDaisy.



But all the other chickens laughed at her.

“You are so weird,” they said. “We won’t play with you anymore.”

Kodwa zonke ezinye izinkukhu zamhleka.

“Uyabheda nje,” kusho zona. “Angeke sisaphinde sidlale nawe.”






While she practised, she imagined herself flying high into the sky and looking at the chickens below. She imagined herself flying past the sparrows and past the swallows.

“Wow!” the birds would say. “A chicken that can fly!”

Ngenkathi ezilolonga, wayezibona ngamhlo engondo endizela phezulu esibhakabhakeni, ebuka izinkukhu le phansi. Wayezibona ngamhlo engondo endiza edlula ondlunkulu nezinkonjane. “Suka lapha!” kusho ezinye izinyoni. “Inkukhu ekwazi ukundiza!”

“Daisy, we can all flap our wings, but it’s very difficult for chickens to fly,” Mama told her.

“We Daisy, sonke siyakwazi ukushaya amaphiko kodwa kunzima kakhulu ukuthi izinkukhu zingandiza,” kusho uMama kuye.



Daisy wouldn’t give up. Every day she practised by herself, flapping her wings. Flap, flap, flap – she would flap her wings, but she couldn’t get off the ground.

Wayengafuni ukuyeka uDaisy. Nsuku zonke wayezilolonga yedwa, eshaya amaphiko akhe. Bhaku, bhaku, bhaku – eshaya amaphiko akhe, kodwa wayengakwazi ukusuka phansi.



She flew into the air and flapped her wings ... and flapped her wings ... and flapped her wings ... and flapped her wings ...

Wandizela emoyeni wase eshaya amaphiko akhe ... wase eshaya amaphiko akhe ... wase eshaya amaphiko akhe ...



... she kept flying! The wind beneath her wings grew stronger and stronger and she flew higher and higher!

The sparrows and the swallows said, “Amazing! A flying chicken!”

... eqhubeka nokundiza. Umoya ongaphansi kwamaphiko akhe waya ngokuba namandla, nokuba namandla futhi wase endiza eya phezulu, waphinde waya phezulu futhi!

Ondlunkulu nezinkonjane zathi, “Kuyisimangaliso lokhu! Inkukhu endizayo!”

Nal'ibali news

On 31 August 2016, at the Soweto Theatre, Nal'ibali launched its second Story Bosso nationwide storytelling talent search!

The launch kicked off a month-long search in September (Literacy and Heritage Month) for the ultimate Story Bosso of 2016. The aim of the Story Bosso talent search was to motivate more people in South Africa to tell stories and read aloud to others. It showcased a range of local stories (in all South African languages), and also helped to identify undiscovered storytellers in communities across the country.

"Stories are a powerful way to immerse children in early literacy development, and to empower young girls and boys. It is vital that children see themselves, their language and their culture represented in the stories they hear, read and tell," said Jade Jacobsohn, Managing Director of Nal'ibali.

People of all ages – children, parents, caregivers, teachers and librarians – were invited to take part in Story Bosso. Various local celebrities – Sindiwe Magona, Lauren Beukes, Suzelle DIY, Rob van Vuuren and Soli Philander – contributed their time to this campaign because of the important role stories play in their lives.

Read more about Story Bosso 2016 and about the winner in a forthcoming edition of the Nal'ibali Supplement due out in the first school term of 2017!

Stories are not just for children – they are for everybody. They're about life. Sindiwe Magona

Stories are amazing! They are how we understand each other and the world. They are how we live outside of ourselves. Lauren Beukes



Actor, professional storyteller and Nal'ibali Literacy Mentor, Bongani Godide, entertains the audience with a story.

Umlingisi, umxoxi wendaba oqeqeshiwe kanye neNal'ibali Literacy Mentor, uBongani Godide, uthokozisa izethameli ngendaba.



Izindaba zakwaNal'ibali

Ngomhla zingama-31 kuNcwaba wezi-2016, eSoweto Theatre, uNal'ibali wethula umkhankaso wokufuna ithalente kuzwelonke iStory Bosso yesibili!

Ukwethulwa komkhankaso kwaqalisa ukufunwa kwabanethalente inyanga yonke kaMandulo (Inyanga Yokwazi Ukufunda Nokubhala naMasiko) ukuze kutholakale iStory Bosso yowezi-2016. Inhlalo yomncintiswano weStory Bosso wokubheka abanethalente kwakungukukhuthaza abantu baseNingizimu Afrika ukuthi baxoxe izindaba nokuthi bafundele abanye kakhulu. Kwakhonjiswa izinhlobo ezahlukene zezindaba zakuleli (ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika), kwasiza futhi ukuthi kutholakale abanye abaxoxi bezindaba abangaziwa emiphakathini ekulo lonke elaseNingizimu Afrika.

"Izindaba ziyindlela enamandla yokujulisa izingane ekuzithukiseni ngokuphathelele nokwazi ukufunda nokubhala zisencane, kanye nokuhlomisa amantombazane kanye nabafana abancane. Kubalulekile ukuthi izingane zizibone kwazona, nezilimi zazo kanye namasiko azo kukhona ezindabeni ezizizwayo, ezizifundayo nezizixoxayo," kusho uJade Jacobsohn, UMqondisi Ophethe uNal'ibali.

Abantu beminyaka yonke yobudala – izingane, abantu abadala, abanakekela izingane, othisha nabasebenzi basemtsheni wezincwadi – bamenywa ukuthi babe yingxenye yeStory Bosso. Osazizwayo bakuleli abehlukene – uSindiwe Magona, uLauren Beukes, uSuzelle DIY, uRob van Vuuren noSoli Philander – banikela ngesikhathi sabo kulo mkhankaso ngenxa yendima ebalulekile edlalwa yizindaba ezimpilweni zabo.

Funda kabanzi ngeStory Bosso yowezi-2016 kanye nangophumelele esithasiselweni esilandelayo sakwaNal'ibali esizoba khona ngethemu yokuqala yesikole yowezi-2017!

Izindaba ziyamangaza! Zimayelana nendlela esiqondana ngayo nesiqonda ngayo umhlaba. Ziyindlela esiphila ngayo ngaphandle kwesiyikho ngoqobo lwethu. ULauren Beukes



Neo poses with some of the children in a specially designed photo frame at the Story Bosso 2016 launch.


UNeo ume nezinye zezingane ukuze bathathe isithombe kufreyimu yezithombe edizayinwe ngokukhethekile ekwethulweni kweStory Bosso yowezi-2016.

Drive your imagination



The best, best friend

By Jude Daly ★ Illustrations by Magriet Brink and Leo Daly



Layla loved jigsaw puzzles. She loved everything about them – from the picture on the box to the moment when she fitted the last piece in its place. She even liked the sound and the feeling of the pieces as she shifted them around on the table. So every Saturday morning, when Layla's mother took her to the library to change her library books, Layla also took out a puzzle.

Now, the librarian kept all the puzzles on a shelf behind her desk and each Saturday when Layla asked if she could look for a puzzle to borrow, the librarian would say, "Wow, Layla, but you are puzzle mad!" And Layla didn't mind at all because she WAS puzzle mad!

Most Saturdays after the library, Shireen, Layla's best friend, came over to play. Well, she was almost Layla's best friend, except for one thing – Shireen had to be the best at everything.

One Saturday morning, Layla borrowed a puzzle of an African fish eagle from the library. The picture showed the bird high up in the sky with its wings spread wide and a fish in its claws. The puzzle had more pieces than any puzzle Layla had ever done. And not only that, the pieces were also smaller than any puzzle Layla had done. Layla could not have been happier! But Shireen was not at all happy because all Layla wanted to do was start the puzzle.

"I don't want to do a boring puzzle," said Shireen. "Let's rather play shop-shop."

"Okay," said Layla, "and then we'll do my puzzle."

"I'll be the shopkeeper," said Shireen, "because I'm best at being the shopkeeper, and you can be my customer."

Soon Layla had spent all her money. Then Shireen said, "Let's play hospitals."

"No," said Layla. "I played shop-shop. Now let's do my puzzle."

But for some reason, Shireen still did not want to do the puzzle, so she said, "Let's play hospitals now and then we can do the puzzle after lunch."

And so that's what they did.

"I'll be the doctor," said Shireen.

"No, you were the shopkeeper," said Layla. "I'll be the doctor."

"But you can't be," said Shireen, "because I'm best at being the doctor."

So, Shireen was the doctor and Layla was the sick person!

When Doctor Shireen started to examine the sick person, she tickled the sick person and the sick person got the giggles and wouldn't lie still. So Doctor Shireen shouted, "Keep still or I won't play with you anymore."

But before Doctor Shireen could get any more cross, Layla's mother called them for lunch.

"I hope you girls are having a good time," said Layla's mother.

"Yes," said Layla who was about to bite into her yummy roti filled with peanut butter, grated carrots and sultanas.

"After lunch we are going to do my puzzle."

"I don't want to do your puzzle," said Shireen.

"But you promised," said Layla.



"Well, now I don't want to. I want to do some colouring in," said Shireen.

By now, Layla was tired of Shireen's "I-am-the-best-at-everything" talk and cross with her for breaking her promises. Nothing was going to stop her from doing the puzzle. So after lunch, Layla gave Shireen a colouring-in book and some crayons so that Shireen could colour in while she did the puzzle. But there was only one picture left to be coloured in in the colouring-in book and Shireen soon finished it. Then she held it up to show Layla and said, "You're so slow!"

"That's because this puzzle is hard," said Layla.

"I bet I could do it faster than you," said Shireen.

"Okay," said Layla, "when I have finished it, you can try doing it and then let's see!"

"Okay," said Shireen, "but only if I want to."

Once Layla had finished the puzzle, she broke it up. She put all the pieces back into the box except for the piece with the eagle's eye on it. And then she gave the box to Shireen.

"Here you go," she said, "your turn now."

"I don't feel like it," said Shireen.

"But you promised!" said Layla.

"No, I didn't!" Shireen shouted. "I said only if I wanted to and I don't want to."

"Maybe you don't want to because you can't do puzzles," said Layla.

"I can!" Shireen shouted back. "I'm the best at puzzles!"

"So do it then," said Layla.

Shireen grabbed the box from Layla. "I will," said Shireen, "but only if you go and play outside. I'll call you once I've finished it."

Layla went outside and drew some pictures in the sand with a stick while, inside, Shireen opened the puzzle box and started turning the puzzle pieces picture-side up.

Outside, Layla found a piece of old rope and tied it around the loquat tree so that when Shireen was finished with the puzzle they could play skipping. But inside, Shireen was struggling to fit the pieces of the puzzle together. She wished that she had not said that she was the best at puzzles. Quickly, she broke up the bit of the puzzle she had managed to do and put all the pieces back into the box. Then she ran outside and called to Layla who by now had climbed high up in the loquat tree, "I've finished!"

"All of it?" asked Layla.

"Yip," said Shireen and she began climbing up into the tree.

"Stop!" Layla shouted back. "I'm coming down to see."

"But I have packed the puzzle away already," said Shireen.

"Why?" asked Layla.

"So that you don't have to pack it away later," replied Shireen.

"Oh," said Layla, "but what about this piece?" She held up the piece with the eagle's eye on it that she had kept.

Shireen went very quiet. She sat in the tree feeling foolish.

After a little while, Layla shouted, "Hey, guess what, I found some ripe loquats. Do you want some?"

"Yes, please," said Shireen in a teeny little voice.

Layla climbed down to the lower branch where Shireen was sitting and handed her some. And there they sat, eating loquats and seeing how far they could spit the pips.

Shireen spat the furthest.

"You're the best," said Layla.

"And you," said Shireen, "are the best, best friend."



Umngani omkhulu ukudlula bonke

NguJude Daly ★ Imifanekiso nguMagriet Brink noLeo Daly

ULayla wayewathanda amaphazili akhipha umfanekiso othile. Wayethanda konke nje ngawo – kusukela esithombeni esisebhokisini ukuya esikhathini lapho efaka ucezu lokugcina endaweni yalo. Wayethanda nomsindo kanye nendlela okuzwakala ngayo izingcezu lapho ezinyakazisa etafuleni. Ngakho-ke njalo ngoMgqibelo ekuseni, lapho umama emhambisa emtatsheni wezincwadi ukuze ayoshintsha izincwadi zakhe zasemtatsheni wezincwadi, uLayla wayethatha nephazili.

Manje-ke, umsizi wasemtatsheni wezincwadi wayegcina wonke amaphazili eshalofini elingemuva kwedeski lakhe futhi njalo ngoMgqibelo lapho uLayla ecela ukuboleka amaphazili, umsizi wasemtatsheni wezincwadi wayethi, “Ncinci, Layla, kodwa uyazifela ngamaphazili!” NoLayla wayengenandaba ngoba WAYEZIFELA ngawo!

IMigqibelo eminingi ngemva kokuya emtatsheni wezincwadi, uShireen, umngani omkhulu kaLayla, wayezodlala. Empeleni, wayecishe abe ngumngani kaLayla omkhulu, ngaphandle kvento eyodwa – uShireen kwakumele kube nguye ohamba phambili ezintweni zonke.

Ekuseni ngomunye uMgqibelo, uLayla waboleka iphazili yeNkwazi yase-Afrika emtatsheni wezincwadi. Lesi sithombe sasikhombisa inyoni iphezulu esibhakabhakeni ivule amaphiko ibambe inhlanzi ngamazipho ayo. Iphazili yayinezingcezu eziningi kunamaphazili uLayla ake wawenza. Kwakungekhona lokho kuphela, izingcezu zazizincane kunazo zonke ezamaphazili uLayla ake wawenza. Wayengajabule nje uLayla! Kodwa uShireen wayengathokozile neze ngoba into nje uLayla ayefuna ukuyenza kwakungukuqala ukwenza iphazili.

“Angifuni ukwenza iphazili eyenza isithukuthezi,” kusho uShireen.

“Okungcono masidlale ukuthenga esitolo.”

“Kulungile,” kusho uLayla, “sizobe sesenza iphazili yami.”

“Ngizoba umninisitolo,” kusho uShireen, “ngoba ngimuhle kakhulu ekubeni umninisitolo, wena-ke ungaba yikhasimende lami.”

Kungaphelanga sikhathi eside uLayla wayesesebenzise imali yakhe yonke. UShireen wabe esethi, “Make sidlale izibhedlela.”

“Cha,” kusho uLayla. “Ngidlalile ukuthenga esitolo. Manje masenze iphazili yami.”

Noma kunjalo uShireen, ngesizathu esingaziwa, wayengafuni ukudlala iphazili, ngakho-ke wathi, “Make sidlale izibhedlela manje bese senza iphazili ngemva kwesidlo sasemini.”

Benza kanjalo-ke.

“Ngizoba ngudokotela,” kusho uShireen.

“Ngeke, ubungumninisitolo,” kusho uLayla. “Yimi ozoba ngudokotela.”

“Angeke ukwazi,” kusho uShireen, “ngoba mina ngifanele kakhulu ukuba ngudokotela.”

Ngakho-ke, uShireen waba ngudokotela uLayla waba isiguli!

Lapho uDokotela uShireen eqala ukuxilonga isiguli, wakitaza isiguli isiguli sabe sesiqala ukugigitheka, singasakwazi ukulala singanyakazi. Ngakho-ke uDokotela uShireen wasithethisa wathi, “Yeka ukunyakaza, uma ungayeki angeke ngisadlala nawe.”

Kodwa ngaphambi kokuba uDokotela uShireen athukuthele nakakhulu, umama kaLayla wababizela isidlo sasemini.

“Ngiyethemba ukuthi ninesikhathi esimnandi mantombazane,” kusho umama kaLayla.

“Yebo,” kusho uLayla owayesezoluma urothi wakhe omnandi ofakwe ibhotela lamantongomane, izaqathi ezihhlaziwe namasulthana.

“Sizokwenza iphazili

yami ngemva

kwesidlo sasemini.”

“Angiyifuni iphazili

yakho,” kusho uShireen.

“Kodwa

bewethembisile,”

kusho uLayla.



“Kulungile-ke, angisafuni-ke manje. Ngifuna ukuhlobisa ngombala,” kusho uShireen.

Ngalesi sikhathi, uLayla wayesekhathele uShireen othi, “Ngimuhle ekwenzeni yonke into” futhi wayemthukuthelele ngokwephula izethembiso. Ayikho into eyayizomvimba ukuthi enze iphazili. Ngakho-ke ngemva kwesidlo sasemini, uLayla wanikeza uShireen incwadi yokuhlobisa ngemibala ukuze uShireen ahlobise izithombe ngombala ngesikhathi yena enza iphazili. Kodwa kwakusele isithombe esisodwa esizofakwa umbala kanti uShireen wasiqeda kungaphelanga sikhathi. Wase esiphakamisela phezulu ukuze akhombise uLayla wase ethi, “Awuve wenza kancane!”

“Yingoba le phazili inzima,” kusho uLayla.

“Ngingayenza ngokushesha ukudlula wena,” kusho uShireen.

“Kulungile,” kusho uLayla, “uma sengiyiqedile, ungazama ukuyenza ngokushesha, sizoke sibone-ke!”

“Kulungile,” kusho uShireen, “kodwa ngizokwenza lokho kuphela uma ngithanda.”

Lapho uLayla eseqede iphazili, wayihlukanisa. Wabuyisela zonke izingcezu ebhokisini ngaphandle kocezu olunehlo lenkwazi kulo. Wase enikeza uShireen ibhokisi.

“Nanso-ke,” kusho yena, “sekuyithuba lakho manje.”

“Angithandi ukuyenza,” kusho uShireen.

“Kodwa wethembisile!” kusho uLayla.

“Cha, angizange!” kumemeza uShireen. “Ngithe kuphela uma ngithanda kanti-ke angifuni.”

“Mhlawumbe awufuni ngoba awukwazi ukwenza amaphazili,” kusho uLayla.

“Ngiyakwazi!” kuthetha uShireen. “Ngiphambili kakhulu ekwenzeni amaphazili!”

“Yenze-ke phela,” kusho uLayla.

UShireen wagxavuna ibhokisi kuLayla. “Ngizoyenza,” kusho uShireen, “kodwa kuphela uma uhamba uyodlala phandle. Ngizokubiza uma sengiqedile.”

ULayla waya ngaphandle wase edweba izithombe esihlabathini ngenduku, ngesikhathi, endlini, uShireen evula ibhokisi lephazili wase eqala ukuphendula izithombe zibe ngaphezulu.

Phandle, uLayla wathola intambo endala wase eyibophela esihlahleni sikamalukwata ukuze uma uShireen eseqede iphazili bezodlala umdlalo wokugxuma. Kodwa endlini, uShireen wayehluleka ukuhlanganisa izingcezu zephazili ndawonye. Wayefisa sengathi ngabe ubengashongo ukuthi uphambili kakhulu ekwenzeni amaphazili. Ngokushesha, wahlakaza izingcezu ezimbalwa zephazili abekwaze ukuyenza wase ebuyisela zonke izingcezu ebhokisini. Wase egijima eya phandle eyomemeza uLayla owayesegibele wayofika phezulu esihlahleni sikamalukwata ethi, “Sengiqedile!”

“Yonke?” kubuza uLayla.

“Yebo,” kusho uShireen, wase eqala ukukhwela emthini.

“Yima!” kumemeza uLayla. “Ngiyehla ngizobona.”

“Kodwa sengiyibekile iphazili,” kusho uShireen.

“Ngoba?” kubuza uLayla.

“Ukuze ungabuyiseli zonke izingcezu wedwa kamuva,” kuphendula uShireen.

“Bala bo,” kusho uLayla, “kodwa manje uthini ngalolu cezu?” Waphakamisa ucezu olunehlo lenkwazi alugcinile.

UShireen wathula wathi du. Wahlala esihlahleni ezibona ubuwula.

Ngemva kwesikhashana, uLayla wamemeza wathi, “Ake ubheke, bona ukuthi ngitholeni, ngithole amalukwata avuthiwe. Uyawafuna?”

“Yebo, ngiyawacela,” kusho

uShireen ngezwi elincane kakhulu.

ULayla wehlela egatsheni

elingezansana lapho kuhlali

khona uShireen wase emnika

amanye. Base behlala lapho,

bedla amalukwata, futhi bebheka

nokuthi bangaziphimisa ziye kude

kanganani izindumbuluzi.

UShireen waziphimisa zaya

kude nakakhulu.

“Ungumpetha,” kusho uLayla.

“Kanti wena,” kusho uShireen,

“ungumngani omkhulu ukudlula

bonke abanye.”



Nal'ibali fun Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



- ✿ First find **eight** differences between these two pictures. Then write a different holiday message in each banner.



- ✿ Qala uthole okwehlukile **okuyisishiyagalombili** phakathi kwalezi zithombe ezimbili. Bese ubhala umlayezo owehlukile wamaholide ebhaneleni ngalinye nngwe.



- ✿ Here is a message written in a secret code. Can you work out what it says?

In the message, each letter of the alphabet has been replaced by a number. Write the letter below each number to work out what the message says. Use the blue code-breaker table to help you.

23	5		8	15	16	5		25	15	21		8	1	22	5		1

23	15	14	4	5	18	6	21	12		8	15	12	9	4	1	25	!

- ✿ Nanku umlayezo obhalwe ngekhawudi eyimfihlo. Ngabe ungakwazi ukuthola ukuthi uthini?

Emlayezweni, kufakwe inombolo esikhundleni sohlamvu lwe-alfabethi ngalunye. Bhala uhlamvu ngezansi kwenombolo ngayinye ukuze uthole ukuthi uthini umlayezo. Sebenzisa ithebhula eliluhlaza okwesibhakabhaka lokuxazulula ikhowudi ukuze likusize.

19	5	20	8	5	13	2	1		21	11	21	20	8	9

21	26	15	2	1		14	1	13	1	8	15	12	9	4	5

1	13	1	8	12	5	!

Impendulo: Seihemba ukuthi uzoba namaholide amahle!
Answer: We hope you have a wonderful holiday!

A	B	C	D	E	F	G	H
1	2	3	4	5	6	7	8
I	J	K	L	M	N	O	P
9	10	11	12	13	14	15	16
Q	R	S	T	U	V	W	X
17	18	19	20	21	22	23	24
Y	Z						
25	26						

- ✿ Use the blue code-breaker table to write your own secret messages to a friend.

- ✿ Sebenzisa ithebhula eliluhlaza okwesibhakabhaka lokuxazulula ikhowudi ukuze ubhalele umngani wakho eyakho imilayezo eyimfihlo.

Don't forget that we will be taking a break until the week of 29 January 2017. Enjoy the holidays, and join us after the holiday for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.



Ungakhohlwa ukuthi sizothatha ikhefu kuze kube isonto langomhla zingama-29 kuMasingana wezi-2017 Thokozela amaholide, bese uhlanganyela nathi ngemva kwamaholide ukuze uthole omunye umlingo wokufunda kwakwaNal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze uthole ezinye izindaba kanye nokukuvusa usinga kokufundela ukuzithokozisa.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld



Drive your
imagination